Publication: Isolezwe (Sport)
Publication Date: 20 Apr 2017
Page: 39

AVE: 48745.31
Circulation: 90724
Part: 1 of 1

# Imiphumela yeNFD ivune iThanda izolo

**MINENHLE MKHIZE**

Ebika eseRichards Bay
Thanda Royal Zulu (1) 1
Black Leopards (1) 1

LIVUNE iThanda Royal Zulu iphuzu elithole kuBlack Leopards emdlalweni weNational First Division (NFD) eMhlathuze Sports Complex, eRichards Bay, izolo ntambama.

Amabhubesi, ahlezi esicongweni kuNFD, aye kulo mdlalo evule igebe lamaphuzu ayisishiyagalolunye kuLeopards eyibambe endaweni yesibili.

ILeopards iyona ebiwadinga kakhulu amaphuzu amathathu emdlalweni wayizolo ngoba abezonciphisa igebe libe ngamaphuzu ayisithupha kuMabhubesi.

Iphuzu lisho ukuthi iThanda isavule igebe lamaphuzu ayisishiyagalolunye kuLeopards.

Njengamanje sekusele imidlalo eyisithupha ngaphambi kokuthi kusongwe isizini. NgoMgqibelo ngo-3 ntambama iThanda izodudulana neRoyal Eagles eHarry Gwala Stadium, eMgungundlovu, emdlalweni weligi.

ILeopards ngeke idlale ngempelasonto kwazise iJomo Cosmos okumele idlale nayo izobe iyibambe kuNedbank Cup. Izobhekana neZenkosi ngoLwesithathu ngo-3 ntambama eTsakane Stadium, eGoli.

Emdlalweni emihlanu yokugcina iThanda izodlala neMagesi FC ekhaya bese yamukela iStellenbosch FC eMhlathuze. Ngemuva kwalo mdlalo izovakashela iCape Town All Stars bese yemukela iFC Cape Town ekhaya ngaphambi kokuvala neReal Kings

| ILog yeNFD: Amaqembu | P | W | D | L | GF | GA | Pts |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Thanda | 24 | 13 | 10 | 1 | 42 | 19 | 49 |
| Leopards | 24 | 11 | 7 | 6 | 36 | 29 | 40 |
| AmaZulu FC | 24 | 11 | 5 | 8 | 39 | 29 | 38 |
| Stellenbosch | 24 | 10 | 7 | 7 | 29 | 25 | 37 |
| Royal Eagles | 24 | 10 | 6 | 8 | 46 | 35 | 36 |
| Mthatha | 24 | 8 | 12 | 4 | 34 | 29 | 36 |
| Witbank | 24 | 9 | 7 | 8 | 30 | 30 | 34 |
| Real Kings | 24 | 8 | 8 | 8 | 32 | 28 | 32 |
| Pretoria Univ | 24 | 9 | 5 | 10 | 29 | 36 | 32 |
| Mbombela | 24 | 8 | 7 | 9 | 29 | 26 | 31 |
| Cosmos | 23 | 8 | 7 | 8 | 24 | 24 | 31 |
| CT All Stars | 23 | 5 | 11 | 7 | 17 | 22 | 26 |
| Milano | 24 | 8 | 2 | 14 | 30 | 45 | 26 |
| FC Cape | 24 | 5 | 10 | 9 | 30 | 39 | 25 |
| Magesi | 24 | 5 | 7 | 12 | 22 | 37 | 22 |
| Santos | 24 | 3 | 9 | 12 | 14 | 30 | 18 |

ekuhambeni.

ILeopards izodlala neJomo Cosmos, Eagles, Magesi FC, University of Pretoria noMthatha Bucks.

Kucace zisuka kulo mdlalo ukuthi la maqembu yiwona abanga indawo yokuqala kuNFD.

UMhlengi Cele nguyena ovule inkundla ngomzuzu ka-15.

IKwaZulu-Natal (KZN) connection ebiyakhiwe nguSiphelele "Stashi" Ntshangase noKhayelisha Shozi iyona ebithwalise kanzima izitobha zeThanda.

UXolani Ngcobo uvimbe amabhola anzima ngesiwombe sokuqala. Nasegolini leLeopards elishaywe nguJean Munganga ngoka-38 uzamile kodwa wadayiswa yizitobha zakhe.

Kulo mdlalo kuyiwe ekhefini kungu-1-1 futhi kucaca ukuthi umdlalo ungawela noma yikuphi. Zithe zibuya ngesiwombe sesibili yaqala ingoma ethi "mbobo vuleka."

Ngomzuzu ka-48 uNgcobo uphinde wayilamulela iThanda ethikameza uPhathutshedzo Nange ebhokisini.

Ngendlela lo mdlalo obushube ngayo kuze kwalimala umsizi kanompempe okuholele ekutheni umdlalo uke umiswe imizuzu emithathu esaxilongwa abosizo lokuqala.

Abalandeli bakhombise ukukujabulela lokho kwazise bebefuna ashintshwe indawo yakhe ithathwe nguSiyabonga Biyela obengunompempe wesine.

Umsizi kanompempe ugcine eluleme umdlalo waqhubeka.

UNgcobo uphinde wavimba elinye ibhola eliyingozi ebelikhahlelwe nguMwape Musonda ngoka-73.

Khonamanjalo kuqhume iqupha ngemuva komdlalo kulwa uMulondo Shikhwivilu nendoda engaziwa.


Kulamule amaphoyisa.




UMHLENGI Cele weThanda Royal Zulu ushaye igoli ngesikhathi bebhekene neBlack Leopards emdlalweni weNFD eMhlathuze Sport Complex, eRichards Bay, izolo ntambama

Isithombe: BACKPAGEPIX

**Imiphumela yemidlalo yeNFD:** Milano United AFC 2-0 Mthatha Bucks; Santos 0-2 University of Pretoria; Witbank Spurs 1-1 FC Cape Town; Thanda Royal Zulu FC 1-1 Black Leopards; Royal Eagles 1-3 AmaZulu; Mbombela United 2-1 Stellenbosch; Magesi FC 2-0 Jomo Cosmos; Real Kings FC 0-0 Cape Town All Stars




This article is copyright protected and licensed under agreement with DALRO. Redistribution, modification, re-sale of this is not allowed without prior written consent of the original author of the works.